



حكم السحر والكهانة

سماحة الشيخ عبد الله بن عبد العزيز بن باز رحمه الله

قام بترجمته إلى لغة الزولو

الشيخ عادل جعفر مولتشيو

**UMTHETHO MAYELANA NOBUTHAKATHI
NOBUNGOMA**

ILOTSHWE YINZULULWAZI U:

ABDULAZIZI bin ABDULA bin BAZI

YAHUNYUSHWA NGESIZULU NGU:

ADIL MLOTSHWA

طبع على نفقة وصية خولة دخيل الجسار رحمها الله (دولة الكويت) بإشراف اتحاد علماء إفريقيا
IXHASWE NGUWASIYA KGAWLA DAGKILI AL-JASARI – (U ALLAH ABE
NOMUSA KUYE) – WASEKUWAYITI NGAPHANSI KWESO LESIGUNGU
SEZINZULULWAZI ZASE AFRIKA

2016/1437

Udumo ngoluka Allah, Yena yedwa vo, futhi izilokotho nokuthula makube kulowo okungenasithunywa emva kwakhe; sihlabele phambili:

Ngenxa yokwanda kwabathakathi esikhathini samanje, labo abathi bazi ukwelapha kulapho bona balapha ngobuthakathi nobungoma; nokudlangu kwabo kwamanye amazwe nokuheha kwabo abantu abayiziwula abakhungathwe ukungazi, ngibone njengeseluleko ku Allah nezigqila zaKhe ukuba ngihlaluse ubungozi obukhona kulokho obubhekene ne-*Isilamu* namaMusilimu, njengoba nje kunokuthembela kokunye ngaphandle kuka Allah nokuphambana nomyalelo waKhe kanjalo nomyalelo weSithunywa saKhe (ﷺ). Ngakho-ke ngithi – u Allah angeseke:

Kuvumelekile ngo elethu ukuzelapha futhi iMusilimu livumelekile ukuya kumelaphi wezifo zangaphakathi noma ohlinzayo noma wemithambo kanjalo nabeminye imikhakha, ukuze axilongwe ukugula kwakhe bese ekwelapha ngokolwazi lwakhe lokwelapha ngamakhambi akufanele avumelekile ngokwenkolo. Ngoba lokho kuyingxenywe yokusebenzisa izizaba nezinsiza ezijwayelekile belu akuphambene nokuthembela ku Allah. Futhi u Allah Ongcwele noPhakeme, impela nguYena othe isifo waphinda waletsa kanye naso ikhambi laso, uyalazi olaziyo futhi akalazi ongalazi. Kepha, phinde, u Allah akazange abeke ukulapheka kwezigqila zaKhe kulokho azinqabele kona.

Ngakho-ke akuvumelekile kogulayo ukuba aye ezangomeni lezi okuyizona kanye ezithi zazi okungabonwayo, ukuze zimtshele ngokugula kwakhe. Njengoba futhi kungavumelekile ukuba azikholwe kulokho ezimtshele kona, ngoba into eziyenzayo ukuqagula nokuqagela ngokungabonwayo kokunye zibiza amajini^[1] ukuze azisize kulokho ezikufunayo. Futhi laba umyalelo ngabo ukuthi abakholwa futhi balahlekile uma belokhu bethi bazi okungabonwayo. uMusilimu encwadini yakhe uqophe ukuthi iSithunywa (ﷺ) sathi:

مَنْ أَتَى عَرَّافًا فَسَأَلَهُ عَنْ شَيْءٍ لَمْ تُقْبَلْ لَهُ صَلَاةٌ أَرْبَعِينَ يَوْمًا

"Lowo oya esanusini wasibuza okuthile, iSwala yakhe angeke yamukelwe izinsuku ezingamashumi amane".

[Musilimu]

u-*Abu Hurayira* (رضي الله عنه), ubika ukuthi iSithunywa (ﷺ) sathi:

مَنْ أَتَى كَاهِنًا فَصَدَّقَهُ بِمَا يَقُولُ فَقَدْ كَفَرَ بِمَا أَنْزَلَ عَلَى مُحَمَّدٍ

"Lowo oya esangomeni wasikholwa kulokho esikushoyo, impela akasakholelwa kulokho okwembulelwa kuMuhamadi (ﷺ)" [*Abu Dawudi kanjalo nabamaSunani amane*]

Iphinde yaqinisekiswa ngu *Hakimu* ukuthi ivela kuSithunywa (ﷺ) ngamagama athi:

مَنْ أَتَى عَرَّافًا أَوْ كَاهِنًا فَصَدَّقَهُ بِمَا يَقُولُ فَقَدْ كَفَرَ بِمَا أَنْزَلَ عَلَى مُحَمَّدٍ

"Lowo oya esanusini noma esangomeni wasikholwa kulokho esikushoyo, impela akasakholelwa kulokho okwembulelwa kuMuhamadi (ﷺ)"

u-*Imrani* ka *Husweyini* (رضي الله عنه) wathi: iSithunywa (ﷺ) sathi:

لَيْسَ مِنَّا مَنْ تَطَيَّرَ أَوْ تَطَيَّرَ لَهُ أَوْ تَكَهَّنَ أَوْ تَكَهَّنَ لَهُ، وَمَنْ أَتَى كَاهِنًا

lokhu izangoma nezinyanga ezikubiza ngokuthi: amadlozi noma abalozi noma amakhosi noma abadala noma izidalwa^[1] noma amathonga. Kwesinye isikhathi lamajini anokufika bukhoma, esikhathini esiningi azenza inyokakazi. Yiwona kanye futhi lamajini angena umuntu kuthiwe usenamadingozi kumele ayothwasa. Lenhlobo yamajini yimbi impela futhi ikhohlakele, igila yonke lemikhuba nemigilingane ngabantu ukuze phela azuze ngokuba nomthombo ongapheli wegazi aphila ngalo. Yingakho nje ukuhlaba nokuchitha igazi kuwumongo nomgogodla walemikhuba. Laba okuthiwa bayaboniswa kepha bangabizwa ngezangoma, nabo bahlaselwa yiwo lamajini abaphendule izigqila zawo. Bheka ngoba abanye bakhona abanqabela ngisho ukuba bagane. Futhi invamisa yabo bonke labantu isifazane ngenxa yokuthi bona bavele babuthaka ngokwendalo nokuthi bathuka kalula futhi bakhohliseka kalula.

فَصَدَّقَهُ بِمَا يَقُولُ فَقَد كَفَرَ بِمَا أَنْزَلَ عَلَىٰ مُحَمَّدٍ

"Akasiye omunye wethu lowo ohlodayo noma ohlolelwayo nalowo obhulayo noma obhulelwayo. Futhi "Lowo oya esangomeni wasikholwa kulokho esikushoyo, impela akasakholelwa kulokho okwembulelwa kuMuhamadi (ﷺ)"

[Bazaru, ngolibo oluthembekile]

Kulamahaditi ahloniphekile kunqatshelwe ukuya ezanusini nasezangomeni nabathakathi nabafana nabo kanjalo nokubabuza nokubakholwa futhi lokho kuxwayisiwe. Ngakho ke kuwumsebenzi wabaphethe nezingqapheli nalabo abanamandla ukuba bakuhlabe ukuya ezangomeni nakuzanusi nabafana nabo, nokunqanda labo abazama ukwenza lokho ezindaweni zokuhweba nezinye nokubakhalima kanzima impela, kanjalo nokukhalima labo abaya kuzo.

Futhi akumele uyengwe ukukhuluma kwazo iqiniso kwezinye izinkathi noma ubuningi babantu abaya kuzo, impela labo bayiziwula akumele balandelwe. Ngoba iSithunywa (ﷻ) sakunqabela ukuya kuzo nokuzibuza nokuzikholwa, ngenxa yempambuko enkulu ekulokho nobungozi neziphetho ezingathokozisi nokuthi zingamaqili anamanga. Lamahaditi aphinde afakazele ukungakholwa kwalowo oyisangoma noma ongumthakathi, ngenxa yokuthi bathi bazi okungabonwayo, phela lokho kuwukungakholwa. Futhi bafeza izinhloso zabo ngokusebenzela amajini nokuwakhonza ngaphandle kuka Allah, nalokho kuwukungakholelwa ku Allah nokumbhangqa Yena Ongcwele. Lowo-ke obakholwayo kulokho abakushoyo ngokungabonwa uvele afane nabo. Futhi yilowo nalowo owamukela lezinto ezithatha kulabo abazenzayo, naye iSithunywa sika Allah (ﷻ) asihlangene naye impela.

Futhi alivunyelwe iMusilimu ukuba lithobele lokho ezithi (izingoma) kuyikhambi, njengezincweba ezincane abazenzayo noma ukuzibhunyela ngomsizi ekhanda nezinye nje izinsambathaka abazenzayo; nebala konke lokhu kuwungoma nokukhohlisa abantu. Lowo othokozayo ngakho, impela usuke ezisekela kumbhedo wazo nokungakholwa kwabo.

Futhi akukho nelilodwa iMusilimu elivunyelwe ukuba liye kuzo ukuze lizibuze mayelana nozogana indodana yalo noma isihlobo salo noma mayelana nothando nokuthembeka nenzondo nokuqhekeka nokunye nje okuzokwenzeka phakathi kwabashadile nemindeneni yabo; ngoba lokhu kungokungabonwayo okwaziwa ngu Allah Ongcwele noPhakeme kuphela.

Ukulumba (ubuthakathi, ubungoma) ingenye yezinto zokungakholwa ezinqatshelwe, njengoba u Allah Onamandla Ohloniphekile esho mayelana nezingelosi ezimbili kuSura Bakara:

وَمَا يَعْلَمَانِ مِنْ أَحَدٍ حَتَّىٰ يَقُولَا إِنَّمَا نَحْنُ فِتْنَةٌ فَلَا تَكْفُرْ ۗ فَيَتَعَلَّمُونَ مِنْهُمَا مَا يُفَرِّقُونَ بِهِ بَيْنَ الْمَرْءِ وَزَوْجِهِ ۗ وَمَا هُمْ بِضَارِّينَ بِهِ مِنْ أَحَدٍ إِلَّا بِإِذْنِ اللَّهِ ۗ وَيَتَعَلَّمُونَ مَا يَضُرُّهُمْ وَلَا يَنْفَعُهُمْ ۗ وَلَقَدْ عَلِمُوا لَمَنِ اشْتَرَاهُ مَا لَهُ فِي الْآخِرَةِ مِنْ خَلْقٍ وَلَبِئْسَ مَا شَرُّوا بِهِ ۗ أَنفُسَهُمْ لَوْ كَانُوا يَعْلَمُونَ

"Futhi babengafundisi muntu bengashongo ukuthi: "Thina siyisivivinyo, ngakho ke ungabi ongakholwa"

Kepha bafunda kubo ukuhlukanisa indoda nomfazi wayo. Nakuba bengeze bakhona ukulimaza muntu ngakho ngaphandle kwemvumo ka Allah. Bafunda okubadukisayo nokungabazuzisi, nakuba bebazi ukuthi lowo obukhethayo [ubuthakathi] akayikuba nasabelo kwelizayo. Kwaze kwakubi lokhu abazikhethela kona, ukube nje bebazi". [Kurani 2:102]

Lombiko omuhle ufakazela ukuthi ukulumba ukungakholwa nokuthi abathathakathi bayakwazi ukuhlukanisa umuntu nomlingani wakhe. Kanjalo uphinde ufakazele ukuthi ukulumba kona uqobo akunawo amandla okuletha usizo noma ukulimala, empeleni iba namandla ngemvumo ka Allah yasemhlabeni neyokuhlela. Phela u Allah Ongcwele noPhakeme, nguYena lona owadala okuhle nokubi. Impela basenkingeni futhi bathwele kanzima laba okuyibona abadluliselwa lolwazi beluthatha kwababhangqayo baphinde bakhohlise ngalo abayiziwula; impela singabaka Allah futhi siyobuyela kuYe, u Allah usanele futhi unguMnakekeli oqavile.

Futhi lombiko uphinde ukufakazele ukuthi laba abafunda ukulumba, bafunda lokho okubalimazayo okungabasizi nokuthi abanasabelo ku Allah. Lesi isexwayiso esinzima, esikhombisa ukujula kokulahlekelwa kwabo emhlabeni nakwelizayo nokuthi bathengise imiphefumulo yabo ngeze. Yingakho nje u Allah Ongcwele noPhakeme ebagxeka nakangaka ngalokho, wathi:

وَلَيْسَ مَا شَرَوْا بِهِ أَنْفُسَهُمْ لَوْ كَانُوا يَعْلَمُونَ

"Kwaze kwakubi lokhu abazikhethela kona, ukube nje bebazi"

Sicela u Allah asihlengi futhi asiphephise ebubini babathakathi nezangoma nabobonke abaloyayo; siphinde futhi simcele Yena Ongcwele ukuba avikele amaMusilimu ebubini babo, nokuthi aphe ababusi bamaMusilimu amandla okuxwayisa ngabo nokuthi basebenzise umthetho ka Allah kubo ukuze izigqila ziphumule ebubini babo nasemikhubeni yabo emibi, impela Yena Uyaphana Ungophanayo.

Nebala u Allah Ongcwele ubekele izigqila zaKhe lokho ezingazivikela ngakho ebubini belumbo ngaphambi kokuthi libehlele, waphinde wabacacisela lokho abangazilapha ngakho lapho selibehlele, njengomusa waKhe kuzo nobubele baKhe kuzo nokuphelelisa izibusiso zaKhe kuzo.

Kulokhu okulandelayo, kunencazelo mayelana nezinto zokuzivikela ebungozini belumbo lingakenzeki, nalezo zinto okulashwa ngazo ezivumelekile enkolweni emva kokuba selenzekile.

Mayelana nalokho kokuzivikela ebungozini belumbo lingakenzeki, okubalulekile kulokho nokunomthelela, ukuzivikela ngama *adhkari* avumelekile nama *du'a* nezivikelo eziqinisekisiwe; okunye kwalokho:

Ukufunda i-*Ayatu Kursi* emva kokuphuthula leyo naleyo *Swala* emva kokufunda ama *adhkari* afundwayo *kwetasilimu* nokuyifunda futhi uma sekuzolalwa. I-*Ayatu Kursi* iwona mbiko oqavile kwiKurani ehloniphekile, ingamazwi ka Allah athi:

اللَّهُ لَا إِلَهَ إِلَّا هُوَ الْحَيُّ الْقَيُّومُ لَا تَأْخُذُهُ سِنَّةٌ وَلَا نَوْمٌ لَهُ مَا فِي السَّمَوَاتِ وَمَا فِي

الْأَرْضِ مَنْ ذَا الَّذِي يَشْفَعُ عِنْدَهُ إِلَّا بِإِذْنِهِ يَعْلَمُ مَا بَيْنَ أَيْدِيهِمْ وَمَا خَلْفَهُمْ وَلَا

يُحِيطُونَ بِشَيْءٍ مِّنْ عِلْمِهِ إِلَّا بِمَا شَاءَ وَسِعَ كُرْسِيُّهُ السَّمَاوَاتِ وَالْأَرْضَ وَلَا يَئُودُهُ حِفْظُهُمَا وَهُوَ الْعَلِيُّ الْعَظِيمُ

"U Allah, akekho ofanele ukukhonzwa ngaphandle Kwakhe, Ophilayo unaphakade, Umhlengi wezinto zonke. Konke okusemazulwini nasemhlabeni kungokwaKhe. Ubani oyoshweleza ngaphambi Kwakhe ngaphandle kwemvumo yaKhe. Wazi lokho okwenzeka kubo manje [emhlabeni] nokulandelayo [kweLizayo], futhi angeke baluqede ulwazi lwaKhe ngaphandle kwalokho akuvumelayo. isiGqiki saKhe sengamele amazulu nomhlaba futhi akakhathali ukukulondoloza, futhi uPhakeme Mkhulu." [Kurani 2:255]

Nokufunda lamaSura amathathu emva kwaleyo naleyo Swala, nokuwafunda kathathu ekuqaleni kwemini emva kweFajari nasekuqaleni kobusuku emva kweMaghiribi.

قُلْ هُوَ اللَّهُ أَحَدٌ . اللَّهُ الصَّمَدُ . لَمْ يَكِدْ وَلَمْ يُولَدْ . وَلَمْ يَكُنْ لَهُ كُفُوًا أَحَدٌ .

Ithi: "U Allah Munye vo". U Allah Uzimele. Akazali futhi akazalwanga. Futhi akekho noyedwa ongafaniswa Naye.

[Kurani 112:1-4]

قُلْ أَعُوذُ بِرَبِّ الْفَلَقِ . مِنْ شَرِّ مَا خَلَقَ . وَمِنْ شَرِّ غَاسِقٍ إِذَا وَقَبَ . وَمِنْ شَرِّ النَّفَّاثَاتِ فِي الْعُقَدِ . وَمِنْ شَرِّ حَاسِدٍ إِذَا حَسَدَ .

Ithi: "Ngizivikela ngeNkosi yokusa. Ebubini balokho ekudalile. Nasebubini bobusuku uma kuhlwa. Nasebubini babafazi [abathakathayo] abakhafulela amafindo. Nasebubini bonomona lapho eba nomona." [Kurani 113:1-5]

قُلْ أَعُوذُ بِرَبِّ النَّاسِ . مَلِكِ النَّاسِ . إِلَهِ النَّاسِ . مِنْ شَرِّ الْوَسْوَاسِ الْخَنَّاسِ . الَّذِي يُوَسْوِسُ فِي صُدُورِ النَّاسِ مِنَ الْغِيْثَةِ وَالنَّاسِ .

Ithi: "Ngizivikela ngeNkosi yesintu". EnguMbusi wesintu. Ekhonzwa yisintu. Ebubini bomhlebeli onyamalalayo. Lona ohlebeli izinhliziyi zabantu. Lowo oyijini noma umuntu." [Kurani 114:1-6]

Nokufunda ama-aya amabili okugcina kwiSura Bhakara ekuqaleni kobusuku.

ءَامَنَ الرَّسُولُ بِمَا أُنزِلَ إِلَيْهِ مِنْ رَبِّهِ وَالْمُؤْمِنُونَ كُلُّ ءَامَنَ بِاللَّهِ وَمَلَائِكَتِهِ وَكُتُبِهِ وَرُسُلِهِ لَا نُفَرِّقُ بَيْنَ أَحَدٍ مِنْ رُسُلِهِ وَقَالُوا سَمِعْنَا وَأَطَعْنَا غُفْرَانَكَ رَبَّنَا

وَإِلَيْكَ الْمَصِيرُ . لَا يُكَلِّفُ اللَّهُ نَفْسًا إِلَّا وُسْعَهَا لَهَا مَا كَسَبَتْ وَعَلَيْهَا مَا
 آكَسَبَتْ رَبَّنَا لَا تُؤَاخِذْنَا إِنْ نَسِينَا أَوْ أَخْطَأْنَا رَبَّنَا وَلَا تَحْمِلْ عَلَيْنَا إَصْرًا
 كَمَا حَمَلْتَهُ عَلَى الَّذِينَ مِنْ قَبْلِنَا رَبَّنَا وَلَا تُحَمِّلْنَا مَا لَا طَاقَةَ لَنَا بِهِ ۗ وَاعْفُ عَنَّا
 وَارْحَمْنَا إِنَّكَ أَنْتَ الْمَوْلَانَا فَانصُرْنَا عَلَى الْقَوْمِ الْكَافِرِينَ

"iSithunywa siyakholelwa kulokho okwembulele kuso kuvela eNkosini yaso, kanjalo nabakholwayo. Bonke bakholelwa ku Allah neZingelosi zaKhe neZincwadi zakhe neZithunywa zaKhe, [Bathi]: "Asicwasi muntu kuZithunywa zaKhe" Futhi bathi: "Sizwile futhi siyazithoba; Nkosi yethu sithethelele, siyakubuyela kuWe". Akekho umuntu u Allah amthwesa ngaphezu kwamandla akhe. Uyohlomula [ngokuhle] akwenzile futhi uyojeziswa [ngokubi] akwenzile. "Nkosi yethu ungasijezisi uma sikhohliwe noma sisephutheni; Nkosi yethu ungasithwesi isibophezelo esinzima njengoba wasithwesa labo abasandulelayo. Nkosi yethu ungasithwesi lokho okungaphezu kwamandla ethu, usixolele, usithethelele, usihawukele. Uyisiphephelo sethu ngakhoke silekelele kulabo abangakholwa." [Kurani

2:285-286]

Futhi kuqinisekisiswe kuSithunywa (ﷻ) ukuthi sathi:

مَنْ قَرَأَ آيَةَ الْكُرْسِيِّ فِي لَيْلَةٍ لَمْ يَزَلْ عَلَيْهِ مِنَ اللَّهِ حَافِظٌ وَلَا يَقْرُبُهُ
 الشَّيْطَانُ حَتَّىٰ يُصْبِحَ

"Lowo ofunda i-Ayatu Kursi ebusuku, kuzoba nengqapheli evela ku Allah ezohlala naye futhi akukho Shayitani ozosondela kuye kuze kuse"

مَنْ قَرَأَ الْآيَتَيْنِ مِنْ آخِرِ سُورَةِ الْبَقَرَةِ فِي لَيْلَةٍ كَفَتَاهُ

"Lowo ofunda am-aya amabili okugcina kwiSura Bhakara ebusuku, ayomenela", okuchaza ukuthi – u Allah wazi kangcono: "azomenela kubo bonke ububi"

Okunye kwalokho, ukucela ukuvikelwa ngu Allah ngamagama aKhe aphelele ebubini balokho akudala ebusuku nasemini nalapho uzinza kunoma iyiphi indawo kusakhiwo noma ogwadule noma emkhathini noma olwandle, njengoba iSithunywa (ﷻ) sathi: **"lowo ofika ahlale endaweni wathi;**

أَعُوذُ بِكَلِمَاتِ اللَّهِ التَّامَّاتِ مِنْ شَرِّ مَا خَلَقَ

"Ngizivikela ngamaGama ka Allah aphelele ebubini balokho akudalile", ayikho into ezomlimaza kuze uyasuka kuleyondawo yakhe.

Okunye kwalokho ukuba ekuqaleni kwemini nasekuqaleni kobusuku, iMusilimu lithi kathathu:

بِسْمِ اللَّهِ الَّذِي لَا يَضُرُّ مَعَ اسْمِهِ شَيْءٌ فِي الْأَرْضِ وَلَا فِي السَّمَاءِ وَهُوَ
 السَّمِيعُ الْعَلِيمُ

"Egameni lika Allah, lona okungekho lutho okubi okungenzeka ngeGama laKhe emhlabeni nasezulwini, futhi Ungoziwayo

Obonayo"

Njengoba kuqinisekisiwe lokho ukuthi kwakugqugquzelwa iSithunywa (ﷻ) nokuthi lokho kuyinsiza ekuphepheni kubo bonke ububi.

Lama *adhkari* nezivikelo ziyizinsiza ezibalulekile ekuzivikeleni ebubini belumbo nobunye nje ububi, kulowo owafunda njalo ngeqiniso nangokholo nokuthemba u Allah nokuthembela kuYe, futhi akhulula inhliziyo ngalokho akuqukethe. Futhi ayizikhali eziqavile ekususeni ilumbo uma selenzekile, ikakhulu uma esehlangene nokuzithoba ku Allah nokucela Yena Ongcwele ukuba asuse ubuhlungu nobunzima.

Futhi enye *yamadu'a* atholakala kuSithunywa (ﷻ) ekulapheni izifo ezihambiselana nelumbo nezinye – neSithunywa (ﷻ) belu besilapha ngayo *amaSahaba* aso, siyisho kathathu:

اللَّهُمَّ رَبَّ النَّاسِ أَذْهَبِ الْبَاسَ وَاشْفِ أَنْتَ الشَّافِي لَا شِفَاءَ إِلَّا شِفَاؤُكَ شِفَاءً لَا يُغَادِرُ سَقَمًا

"Allah, Nkosi yesintu, susa ubunzima welaphe ngokuba nguWena uMelaphi, akukho okunye ukwelapha ngaphandle kokwaKho, ukulapha okungashiya zinhlungu"

Nalena uJibhirili (ﷺ) alapha ngayo iSithunywa (ﷻ), eshiwo kathathu, ethi:

بِسْمِ اللَّهِ أَرْقِيكَ مِنْ كُلِّ شَيْءٍ يُؤْذِيكَ وَمِنْ شَرِّ كُلِّ نَفْسٍ أَوْ عَيْنٍ حَاسِدٍ، اللَّهُ يَشْفِيكَ بِسْمِ اللَّهِ أَرْقِيكَ

"Egameni lika Allah ngiyakwelapha kuzo zonke izifo ezikuhluphayo nakububi bawo wonke umuntu neso elinomona; u Allah akusindise, egameni lika Allah ngiyakwelapha.

Okunye okulapha ilumbo emva kokuba selenzekile nokukwelapha okuyisebenzelayo indoda uma ivinjelwa ukuya kumkayo (ngokocansi). Kumele athathe amacembe ayisikhombisa *esidiri* ehlaza awagxobe ngetshe noma okunye bese ewafaka esitsheni athele amanzi azokwenela ukuba

ageze. Bese ewafundela i-Ayatu Kursi no قُلْ هُوَ اللَّهُ أَحَدٌ no قُلْ يَتَّيَّهَا الْكُفْرُونَ

no قُلْ أَعُوذُ بِرَبِّ الْفَلَقِ no قُلْ أَعُوذُ بِرَبِّ النَّاسِ nama-aya elumbo kuSura A'arafu, lapho Ongcwele ethi:

وَأَوْحَيْنَا إِلَىٰ مُوسَىٰ أَنْ أَلْقِ عَصَاكَ فَإِذَا هِيَ تَلْقَفُ مَا يَأْفِكُونَ ﴿٣٧﴾ فَوَقَعَ الْحَقُّ

وَبَطَلَ مَا كَانُوا يَعْمَلُونَ ﴿٣٨﴾ فَعُلِبُوا هُنَالِكَ وَانْقَلَبُوا صَغِيرِينَ

"Sembulela kuMusa ukuba aphonse induku yakhe. Yabe isigwinya konke lokhu ababekwenza. Banqotshwa khona lapho, babuyele emumva behlazekele." [Kurani 7:117-119]

Nama-aya akuSura Yunusi, lapho Ongcwele ethi:

وَقَالَ فِرْعَوْنُ أَتَنْتُونِي بِكُلِّ سِحْرِ عَلِيمٍ ﴿١٠٠﴾ فَلَمَّا جَاءَ السَّحْرَةُ قَالَ لَهُمْ مُوسَىٰ أَلْقُوا مَا

أَنْتُمْ مُلْقُونَ ﴿١٠١﴾ فَلَمَّا أَلْقَوْا قَالَ مُوسَىٰ مَا جِئْتُمْ بِهِ السِّحْرُ إِنَّ اللَّهَ سَيُبْطِلُهُ إِنَّ اللَّهَ

لَا يُصْلِحُ عَمَلَ الْمُفْسِدِينَ ﴿١٠٢﴾ وَيُحِقُّ اللَّهُ الْحَقَّ بِكَلِمَاتِهِ وَلَوْ كَرِهَ الْمُجْرِمُونَ

"Wabe esethi uFirawuni: "Ngiletheleni bonke abalumbi abangongoti". Kwathi lapho befika abalumbi, uMusa wathi kubo: "Phonsani lokhu enikuphonsayo". Kuthe lapho sebhonsile, wathi uMusa: "Lokhu enize nakho ilumbo, u Allah nakanjani uzokushabalalisa ngokuba u Allah akazivuni izenzo zeziphambuki. U Allah uzolinqinisekisa iqiniso ngamazwi aKhe ngisho izephula mthetho zingathandi". [Kurani 10:79-82]

Nama-aya akuSura Twaha:

قَالُوا يَمُوسَىٰ إِنَّمَا أَنْ تُلْقِيَ وَإِنَّمَا أَنْ تَكُونَ أَوَّلَ مَنْ أَلْقَىٰ ۖ قَالَ بَلْ أَلْقَوْتُ فَإِذَا جَاءَهُمْ
وَعَصِيَّتُهُمْ يَحْيَلُ إِلَيْهِ مِنْ سِحْرِهِمْ أَنهَا تَسْعَىٰ ۖ فَأَوْجَسَ فِي نَفْسِهِ خِيفَةَ مُوسَىٰ ۖ قُلْنَا لَا
تَخَفْ إِنَّكَ أَنْتَ الْأَعْلَىٰ ۖ وَالْقَىٰ مَا فِي يَمِينِكَ نَلْقَفَ مَا صَنَعُوا إِنَّمَا صَنَعُوا كَيْدٌ سِحْرٍ وَلَا
يُفْلِحُ السَّاحِرُ حَيْثُ أَتَىٰ

Bathi: "Musa, ungajikijela noma kube yithi esijikijela kugala". Wathi: "Cha jikijelani nina". Kwaba usebona izintambo zabo nezinduku zabo ongathi ziyahamba ngenxa yomlingo wabo. Wazizwa uMusa engenwa itwetwe. Sathi: "Ungesabi ngokuba nguwenza oyodla ubhedu [ozonqoba]". Jikijela lokho okusesandleni sakho sokudla, kuyogwinya konke lokhu abakwenzile. Phela lokhu abakwenzile itulo nje lomlumbi; futhi akukho lapho umlumbi aphumelela khona". [Kurani 20:65-69]

Emva kokufundela lokhu okubaluliwe emanzini, uzophuza kuwo kathathu bese egeza ngasele. Ngalokho kuyosuka ukugula uma u Allah ethanda. Kepha uma kunesidingo sokuwasebenzisa kabili noma ngokuvile, akunankinga kuze kuyaphela nya ukugula.

Futhi okunye okulapha ilumbo okunomthelela omkhulu ekulilapheni, ukuzikhandla ekutholeni indawo yelumbo enhlabathini noma entabeni noma kwenye indawo. Uma litholakala lakhishwa labhubhiswa liyaphela ilumbo.

Yikho lokhu esikwazile ukukuchaza mayelana nezinto okuvikelwa ngazo ilumbo nelilashwa ngazo; u Allah asiphe amandla.

Mayelana nokulapha ilumbo ngelinye ilumbo; lokhu okufaka ukuzisondeza namajini ngemihlatshelo neminye imikhuba, lokhu akuvunyelwe. Ngoba kuyimisebenzi kaShayitani, empeleni kuyiShiriki enkulu. Okumele kwenziwe ukuba kuqashelwe lokho.

Futhi akuvumelekile ukulilapha ngokubuza izangoma nezanusi nabathakathi nokusebenzisa lokho abakushoyo, ngoba bona abakholwa futhi banamanga bangamaqili athi azi okungabonwayo bekhohlisa abantu. NeSithunywa (ﷺ) imbala, saxwayisa ngokuya kubo nokubabuza nokubakholwa, njengoba besekuchaziwe lokho ekuqaleni kwalencwajana. Futhi kuqinisekisiwe ukuthi iSithunywa (ﷺ) sake sabuzwa mayelana nenashira (ukukhipha ilumbo), sathi: "imisebenzi kaShayitani", kuqoshwe ngu Imam Ahamdi no Abu Dawudi ngolibo oluthembekile; kanti inashira indlela yokukhipha ilumbo kolunjiwe. Okuqondwe iSithunywa (ﷺ) ngamazwi

aso, ilokhu kukhipha ilumbo okwakwenziwa abantu *beJahiliya*, okuwukucela umlumbi ukuba akhiphe ilumbo noma likhishwe ngelinye ilumbo elifanayo ngomunye umlumbi.

Kepha ukulikhipha *ngeRukiya* nezivikelo ezivumelekile kanjalo namakhambi avumelekile, akunankinga ngalokho njengoba bese kuchaziwe. Futhi lokho kushiwo inzululwazi u *ibin Kayimu* no *Sheyikgi Abdurahimani bin Hasani* encwadini *Fat'hul Majidi* – u Allah abe nomusa kubo; kwaphinde kwashiwo abanye osolwazi.

Sicela u Allah ukuba aphe amaMusilimu amandla okuphepha kubo bonke ububi, nokuthi awahlengele inkolo yabo futhi awaphe ukuyiqonda nokuphepha kubo bonke labo abaphambana nemithetho yaKhe.

U Allah athumele izilokotho nokuthula kusigqila saKhe neSithunywa saKhe *uMuhamadi* nase mndenini wakhe nabalandeli bakhe.